Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KANYE NOLWAZI.**

1. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Phendula YOMIBILI IMIBUZO ISIQEPHU A (Inkondlo) NESIQEPHU B (Inoveli).
3. Amamaki ahlukaniswe ngale ndlela elandelayo:
   ISIQEPHU A: Izinkondlo (10)
   ISIQEPHU B: Umdlalo (25)
4. Phendula imibuzo EMIBILI isiyonke:
   Umbuzo OWODWA kuSIQEPHU A
   Umbuzo OWODWA kuSIQEPHU B
5. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO:
   - Umbuzo omude wenkondlo mawuphendulwe ngamagama aphakathi kwangama-90 kuya kwayi-140.
   - Umbuzo omude womdlalo mawuphendulwe ngamagama aphakathi kwangama -240 kuya kwangama-290.
6. Khumbula ukuhlela, amalungiselelo, ukubuyekeza, ukufundisisa nokulungisa amaphutha ngaphambi kokwethula umsebenzi wakho. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa,angahlangani nombhalo.
7. Uyayalwa ukuba amalungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
8. Izimpendulo zakho zizohlolwa kusetshenziswa amarubhrikhi asekugcineni kwale thaskhi.
9. Uvumelekile ukusebenzisa imithombo yolwazi eyahlukene yemibhalo yobuciko.
10. Uzonikwa ithuba lokwenza ucwaningo ngaphambi kokwenza le-asayinimenti.
11. Qaphelisisa upelomagama, irejista kanye nokwakheka kwemisho uma uphendula.
12. Qalisa isiqephu **NGASINYE** ekhasini **ELISHA.**
13. Landela imiyalelo yesiqephu ngasinye ngokucophelela.
14. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**QAPHELA!**

Ucwaningo (ingxenye yokuqala) luzokwenziwa evikini lokuqala bese kuthi iviki lesibili (ingxenye yesibili) lisetshenziselwe ukuqedela umsebenzi wale thaskhi.


Akuvumelekile ukukopisha le thaskhi

Downloaded from Stanmorephysics.com


Landela le migomo uma wenza ucwaningo:

- Khetha uhlunge bese uhlaziya, ulwazi olutholile ulusebenzise ngendlela efanele.
- Qoqa ulwazi oluthole emithonjeni yolwazi eyahlukene.
- Gxila kulokhu okubalulekile/okubuziwe.
- Sebenzisa ulwazi olutholile ukuphendula kahle okubuziwe.

Ungasebenzisa lezi zinsiza ukuthola ulwazi uma wenza ucwaningo:

- Imitapo yolwazi
- Isichazamazwi
- Amaphephandaba namaphephabhuku
- Izinhlelo zikamabonakude
- OSolwazi noma othisha besiZulu njl.
- I-inthanethi
- Enye ingxenye yokwenza ucwaningo, kufanele wenze uhla lwezincwadi (bhibhliyografi) neminye imithombo oyisebenzisile. Sebenzisa OKUMBALWA.

**INDLELA YOKWENZA UHLA LWEZINCWADI (IBHIBHLIYOGRAFI ):**

| Umbhali | Isihloko sencwadi | Unyaka eshicilelwe ngawo | Abashicileli | Indawo eshicilelwe kuyo |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |

**Imithombo ye inthanethi:**

| Umbhali we athikili | Isihloko se-athikili | Unyaka ekhishwe ngawo | i-webhisayithi | Usuku ongene ngalo ku webhisayithi |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyokwelekelela abahlolwayo ukuba baphendule imibuzo njengoba kulindelekile.

| INCWADI | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: IZINKONDLO ZIDLANA IMILALA** | Umbuzo 1. Umbuzo omude | Amamaki 10 | Inombolo yekhasi 4-5 |
| | **KANYE** | | |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO UKUFA KUKASHAKA** | Umbuzo 2. Umbuzo omude | Amamaki 25 | Inombolo yekhasi 6 |


Akuvumelekile ukukopisha le thaskhi

Downloaded from Stanmorephysics.com


Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.

Emuva kokuphendula imibuzo yale thaskhi, sebenzisa lolu luhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo olulandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uphendule yonke imibuzo**.**

| **ISIQEPHU** | **INOMBOLO YEMIBUZO** | **INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE** | **THIKHA ✓** |
|---|---|---|---|
| A. IZINKONDLO | 1 | 1 | |
| B. UMDLALO | 2-4 | 1 | |

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE).**

**ZIDLANA IMILALA – A.M. Maphumulo**

Fundisisa isiqeshana/isitatimende bese uphendula umbuzo ongenzansi.

Isiqeshana/isitatimende

.Izinkondlo ziwubuciko bezimbongi lapho zindlala khona imizwa nemicabango nokudlulisa umyalezo othile. Zikwenza lokhu zisebenzisa amasu obunkondlo nolimi olunothile yize zehluka ngendlela yokubhala nokubuka izinto. Ukucubungula lo mehluko noma okufanayo kwenza siqonde kangcono indikimba noma lokho okushiwo yinkondlo.

**Umbuzo**

Enkondlweni ethi"**Sezibuya Inhlazane**" Hlolisisa ukuthi ukukhethwa kwamagama kuwugqamise kanjani umoya nethoni.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke ngokwezigaba ibe namagama aphakathi kwangama-90 kuya kwayi-140. **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ungasebenzisa uhla olungenzansi ukukhetha amasu ozowahlolisisa.

Isakhiwo sangaphandle

- Inani lamabinza
- Inani lemigqa
- Imvumelwano
- Ukuxhumana
- Isigqi

Ukusetshenziswa kolimi

- Izifengqo
- Imifanekiso mqondo
- Ukukhethwa kwamagama
- Ithoni
- Umoya
- Amasu obuciko
- Impindwa
- Izimpawu zokuloba

Indikimba nomyalezo

- Indikimba yenkondlo
- Ukuphindaphinda/ impinda mqondo.

Izimpawu zenkondlo

- I-enjambamenti
- Isizura/ isikhawu
- Impindwa
- Imifanekiso mqondo njl.

Khumbula ukuhlela, amalungiselelo, ukubuyekeza, ukufundisisa nokulungisa amaphutha ngaphambi kokwethula umsebenzi wakho.

**KANYE**


Akuvumelekile ukukopisha le thaskhi

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 2.1. (UMBUZO OMUDE)**

| |
|---|
| Umbhali uyaye ahlele umbhalo womdlalo ngendlela ethize ukuze indaba ilandeleke kahle futhi ikholakale, esebenzisa abalingiswa abathile. |

Hlaziya uhlele i-eseyi ngesakhiwo somdlalo ubhekise emdlalweni owufundile kulo nyaka. Ungasebenzisa lawa amaphuzu alandelayo:

- Isakhiwo kanye nesakhiwana
- Isethulo
- Udweshu noku bhebhetheka kwalo
- Uvuthondaba
- Ipholavuthondaba
- Isiphetho
- Ukujeqeza emuva nokubikezela
- Ukuvezwa kwabalingiswa

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama aphakathi kwangama-240 kuya kwangama-290. **[25]**

**NOMA**


Akuvumelekile ukukopisha le thaskhi

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2.2. (UMBUZO OMUDE)**

**UKUFA KUKA SHAKA - E Zondi**

| |
|---|
| Kulo mdlalo "*Ukufa kuka Shaka*" sithola ukuthi umndeni ungajikelana wodwa ngenxa yombuso futhi abadala bayakwazi ukungena phakathi kwezingane kuze kuxabane ubendle kuzelamani. |

Fakazela ubuqiniso balesi sitatimende esingenhla, ubhekise kulo mdlalo othi "*Ukufa kukaShaka"* ugxile ezenzweni zomlingiswa onguMkabayi.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagana aphakathi kwangama-240 kuya kwangama-290. **[25]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [35]**





Akuvumelekile ukukopisha le thaskhi

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIZULU HL: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INKONDLO [AMAMAKI AYI-10] [20/2=10] [20/2=10]**

| IZINKOMBA | KUHLE KAKHULU | KUHLE | KUYAGCULISA | AKUGCULISI KAHLE | AKUGCULISI NHLOBO |
|---|---|---|---|---|---|
| IKHASI LEMINININGWANO. IZINSIZA: Ikhwalithi kanye nezinhlobonhlobo. (10) | - Ubufakazi bezinsiza buhle kakhulu.<br>-Ohlolwayo usebenzise izinsiza ngobuhlakani nangobuchule. | -Ubufakazi bezinsiza buhle<br>-Ohlolwayo uzisebenzise kahle kakhulu izinsiza. | -Ubufakazi bezinsiza buyagculisa.<br>-Ohlolwayo uzisebenzise kahle izinsiza. | -Ubufakazi bezinsiza abugculisi.<br>-Ohlolwayo uzisebenzise kancane izinsiza. | Ubufakazi bezinsiza abukho.<br>-Ohlolwayo akasebenzisanga izinsiza. |
| | **9-10** | **7-8** | **5-6** | **3-4** | **0-2** |
| INKINGA ECWANINGWAYO: Nikeza inkinga ecwaningwayo ehambelana nohlobo lombhalo okhethiwe. (5) | -Inkinga ecwaningwayo ibhaleke ngokuvelele nangobuhlakani futhi icacile. | -Inkinga ecwaningwayo ibhaleke kahle kakhulu futhi icacile. | -Inkinga ecwaningwayo ibhaleke kahle futhi icacile. | -Inkinga ecwaningwayo ikhona kodwa ayicacile kahle futhi iyadida. | -Asikho isitatimende senkinga ecwaningwayo. |
| | **5** | **4** | **3** | **2** | **1** |
| UKUHLELEKA KWEPHROJETHI: Uhlaka/ amalungiselelo kanye nokufingqa (5) | -Amalungiselelo nokuhleleka kukhona kuhle ngokuvelele.<br>- Ulwazi olufingqiwe ngombhalo okhethiwe lubhaleke ngobuhlakani nangobuchule. | -Amalungiselelo nokuhleleka kukhona kuhle kakhulu.<br>- Ulwazi olufingqiwe ngombhalo okhethiwe lubhaleke kahle kakhulu. | -Amalungiselelo nokuhleleka kukhona kuhle.<br>- Ulwazi olufingqiwe ngombhalo okhethiwe lubhaleke kahle. | -Amalungiselelo nokuhleleka kukhona kodwa akuhlelekile.<br>- Ulwazi olufingqiwe ngombhalo okhethiwe alugculisi. | -Awekho amalungiselelo nokuhleleka.<br>- Alukho ulwazi olufingqiwe ngombhalo okhethiwe. |
| | **5** | **4** | **3** | **2** | **1** |


Akuvumelekile ukukopisha le thaskhi

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIZULU HL: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI [AMAMAKI ANGAMA-25**

| IZINKOMBA | KUHLE KAKHULU | KUHLE | KUYAGCULISA | AKUGCULISI KAHLE | AKUGCULISI NHLOBO |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **12-15** | **9-11** | **6-8** | **4-5** | **0-3** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 MARKS** | -Impendulo enembayo:<br>-Impendulo enhle kakhulu: -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala. | -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi<br>-Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko<br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi<br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile<br>-Amaphuzu ambalwa asekela isihloko<br>-Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko<br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko<br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo<br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **8-10** | **6-7** | **4-5** | **2-3** | **0-1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 MARKS** | -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle futhi athungelana kahle kakhulu<br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br>-Amaphuzu ageleza kahle<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Isakhiwo siyabonakala kancane<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br>-Izigaba eziningi zibhaleke kahle. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br>-Amaphuzu awahlelekile kahle<br>-Amaphutha olimi agqamile<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. |

**QAPHELA: Uma ohlolwayo ekushaye indiva ngokuphelele okungulwazi lombhalo waqoka ukubhala i-eseyi ayisusela ekhanda, makaklonyeliswe i-0 kuzona zombili izinkomba.**



Akuvumelekile ukukopisha le thaskhi